

Zulu Transcript:

Z: Uyayibukela eminye imidlalo la eMzansi Afrika¹?

S: Yebo ngiyayibukela kune... lena... la eMzansi² – iPSL³; amaqembu walana. Mina kakhulu ngithanda iOrlando Pirates⁴ yilo iqembu engilithandayo kwamanye, kuwonke lamanye amaqembu.

Z: Kungani?

S: Ngoba ngikhule ngilithanda kakhulu ngoba ngikhumbula kuze ngizothanda lona. Ekuqaleni bengifava⁵ – bengithanda iChiefs⁶. Ukuze ngishintshe ngabona ukuthi iPirates yadlala kahle ingena nje lapha ebholeni – uma liqala ibhola – iPirates ya-*win*-a imidlalo yonke. Bese ngashintsha ngaya kuPirates ngaba... u-*number one fan*.

Z: iPirates neChiefs amaqembu amakhulu webhola eMzansi Afrika?

S: Yiwo amaqembu awalana – eMzansi kakhulu. Em... kakhulu bayenza amaSoweto Derby⁷ – ukuthi bayawayenza ngathi kudala labantu basempini balwa – mihla-yonke.

Z: Kusho ukuthi iSoweto Derby kuyinkati iChiefs ne Pirates mazidlala...

S: ...mazidlala yebo...

Z: ...zidlalela khona eSoweto⁸?

S: Yebo mazidlala eSoweto *and* ziyagcwalisa i-*stadium* ngale... *every*... mihla-yonke idlala.

Z: Abantu abanengi bayawathanda lamaqembu?

S: Kakhulu – yiwo amaqembu abawathande kakhulu eMzansi.

Z: Kunamanye amaqembu amakhulu eMzansi Afrika?

¹ Mzansi Afrika: South Africa. Ningizimu Afrika is also commonly used to refer to South Africa in Zulu.

² Mzansi: Short for Mzansi Afrika, which is Zulu for South Africa.

³ PSL: Premier Soccer League.

⁴ Orlando Pirates: A popular South African soccer team.

⁵ *fava*: Favor. This Anglicism is used in colloquial Zulu to mean “follow” or “like” a sports team.

⁶ Chiefs: Kaizer Chiefs. A popular South African soccer team.

⁷ Soweto Derby: The name of the popular event in which the two biggest soccer teams from Soweto – the Orlando Pirates and the Kaizer Chiefs – play against each other.

⁸ Soweto: A township in Johannesburg. It is the largest township in South Africa.

S: Akhona – amanye ayakhula ngoba... njenge SuperSport⁹. Nalo leqembu leli yilo elawin-a i-league elena... kuleminyaka edlulile. NeSundowns¹⁰ nayo iyathandiwa.

Z: Kukhona abadlali baseMzansi Afrika abadlala phesheya?

S: Yebo bakhona kodwa abekho baningi kakhulu.

Z: And kukhona abanye abadlali abavela phesheya abadlala la eMzansi Afrika?

S: Kakhulu abavela phesheya bavela eAfrika most aboNigeria lezindawo lezi ezile, phezulu.

Z: Abantu baseMzansi Afrika bathanda yiphi eminye imidlalo ngaphandle kwebhola?

S: Kune-rugby – nayo bayayithanda – kugcwele ama-lena... Abantu abathanda i-rugby baphala abebhola kahle-kahle ngoba bona i-stadium basigcwalisa... bathenga amathikiti; uma bathi amathikiti bayawathengisa namhlanje, sewathengiwe aphelile.

Z: Abantu abanjani ababukela i-rugby?

S: Kakhulu ngabelungu namabhunu abathanda i-rugby kahle-kahle ngoba yinto abakhule ngayo since bangabantwana ukuze babebadala.

Z: Ucabanga ukuthi lento leyo iyashintsha?

S: Kancane kancane yona ngoba sekunabadlali abamnyama abadlalayo i-rugby. So¹¹ kuthi uma bangaba abantu abaningi abanye abantu abamnyama bazocala ukuyibheka nayo i-rugby kahle babone ukuthi yinto enjani.

Z: Wena uyayibukela i-rugby?

S: Yebo ngiyayibukela – iqembu lami yiSouth Africa – amaSpringbok¹² – hiyo ilena... yilo eliphethe la eMzansi ngoba nayo bakeba-win-a indebe yakhona.

⁹ SuperSport: SuperSport United. Another South African soccer team.

¹⁰ Sundowns: Mamelodi Sundowns. Another South African soccer team.

¹¹ The speaker uses the English word “so.” The Zulu equivalent would be *manje*.

¹² Springbok: The Springboks are the men’s national rugby union team of South Africa. The Springboks are often referred to as amaBhakabhaka in indigenous South African languages.

English Translation:

Z: Do you watch other sports here in South Africa?

S: Yes, I do watch – there is... this thing... here in South Africa – the PSL¹³; the local teams. I like the Orlando Pirates¹⁴ the most – it is the team that I like best, amongst all the other teams.

Z: Why?

S: Because I grew up liking it a lot, because I remember when I started to like them. At first I favored – I liked the Chiefs¹⁵. What caused me to change was that, I saw that the Pirates played well as they were coming into the league – when it started – the Pirates won all their games. Then I switched and went to the Pirates and became... the number one fan.

Z: Are the Pirates and the Chiefs the big teams in South Africa?

S: They are the main teams here – in South Africa. Em... they often have the Soweto Derby¹⁶ – the rivalry between these two teams is strong and long-standing.

Z: That is, the Soweto Derby is when the Chiefs and the Pirates play...

S: ...when they play, yes...

Z: ...they play in Soweto¹⁷?

S: Yes, when they play in Soweto, and they fill up the stadiums with... every... every time they play. Every time they play.

Z: Do a lot of people like these teams?

S: A lot – they are the most loved teams in South Africa.

Z: Are there other big teams in South Africa?

S: There are – others are growing because... like SuperSport¹⁸. This team won the national league... these past years. Sundowns¹⁹ is also loved.

¹³ PSL: Premier Soccer League.

¹⁴ Orlando Pirates: A popular South African soccer team.

¹⁵ Chiefs: Kaizer Chiefs. A popular South African soccer team.

¹⁶ Soweto Derby: The name of the popular event in which the two biggest soccer teams from Soweto – the Orlando Pirates and the Kaizer Chiefs – play against each other.

¹⁷ Soweto: A township in Johannesburg. It is the largest township in South Africa.

¹⁸ SuperSport: SuperSport United. Another South African soccer team.

¹⁹ Sundowns: Mamelodi Sundowns. Another South African soccer team.

Z: Are there South African players who play abroad?

S: Yes, there are, but there aren't that many.

Z: And are there any players from abroad who play here in South Africa?

S: A lot of times those who come from abroad come from Africa – most of them from Nigeria – those places up north.

Z: What other sports do South Africans love, apart from soccer?

S: There is rugby – they also love it – there are a lot of... People who like rugby are better than those who like soccer, actually, because they fill up the stadium. They buy tickets; when tickets go on sale, they are sold out by the end of the day.

Z: What kinds of people watch rugby?

S: Usually it is white people and Afrikaans people²⁰ who like rugby, actually, because it is what they grew up with, from when they were kids up to now as adults.

Z: Do you think that this is changing?

S: Slowly, because there are now black players on the rugby teams. So if there could be more black people playing rugby – black people would also begin to watch it so that they could see what it is about.

Z: Do you watch rugby?

S: Yes, I watch it – my team is South Africa – the Springboks²¹ – it is – it is the one that is big in South Africa because they won the World Cup.

About CultureTalk: CultureTalk is produced by the Five College Center for the Study of World Languages and housed on the LangMedia Website. The project provides students of language and culture with samples of people talking about their lives in the languages they use everyday. The participants in CultureTalk interviews and discussions are of many different ages and walks of life. They are free to express themselves as they wish. The ideas and opinions presented here are those of the participants. Inclusion in CultureTalk does not represent endorsement of these ideas or opinions by the Five College Center for the Study of World Languages, Five Colleges, Incorporated, or any of its member institutions: Amherst College, Hampshire College, Mount Holyoke College, Smith College and the University of Massachusetts at Amherst.

© 2013 Five College Center for the Study of World Languages and Five Colleges, Incorporated

²⁰ South Africans often differentiate between Afrikaans and Anglosaxon whites. Afrikaans people, referred to as Afrikaners, speak Afrikaans as their native language, while Anglosaxon whites speak English as their native language.

²¹ Springboks: The Springboks are the men's national rugby union team of South Africa. The Springboks are often referred to as amaBhakabhaka in indigenous South African languages.